UMGUBHO WAMALUNGELO OKUKHETHWA KWALABO ABAFUNDELAYO FUTHI BEBIZWA UKUBA BAQHUBEKE BAPHENDUKE BABE ABACELAYO ABALUNGISELELA ISAKRAMENTE LOMQINISO NOMA ESIDWENI NOMA EKWAMUKELWENI NGOKUGCWELE EBUNYENI BEBANDLA ELIKHATHOLIKA.

1. UMKHOSI WOKUKHETHWA

Ukunikelwa kwabafundelayo.

Emva kwetshumayelo, umshumayelikazi wethula abafundelayo esebenzisa lamazwi alandelayo:

20,532.90

Baba, njengoba umkhosi wePhasika ususondele laba ababefundelayo besizwa oPhezukonke ngamandla akhe nayimikhuleko nesibonelo somphakathi, sebecela ukuba bavunyelwe ukwamukela iSakramente lombhabhadiso nelomqiniso neliyiNgcwele cwe laseLathini emva kwamalungiselelo afanele, nemininingwane yokuvivinywa.

Umphathi nkonzo uphendula athi:

Labo asebekhethiwe kuKristo, mabasondele ngaphambili, kanye nabameli babo.

Ngamunye ngamunye, abafundelayo bayabizwa ngamagama. Yilowo nalowo ofundelayo uphelezelwa ummeli wakhe beza ngaphambili bazoma kumphathi nkonzo.

UKUFAKAZA KWABAMELI KANYE NEBANDLA

Umphathi nkonzo ukhuluma nebandla :

IBandla eliyingcwele likaNkulunkulu lifisa manje ukuqiniseka ukuthi laba abafundelayo sebefanele yini ukuba bemukelwe njengasebefanele ukubhabhadiswa, ukuqiniswa nokwamukela iSakramente eliyiNgcwele cwe laseLathini.

Ukhuluma nabameli

P. Ngakho-ke nina bameli sengiyanibuza. Fakazani: Balilalele balizwa kahle izwi likaNkulunkulu elishunyayelwa yiBandla?

M. Kunjalo balizwile.

P. Bese beqalile nje ukuziphatha njengamakholwa agcina izwi likaNkulunkulu. ?

M. Bese beqalile.

P. Sebejwayele nje ukuhambisana namakholwa nokuthandaza kanye nawo?

M. Sebejwayele.

Manje umgcini nkonzo ubuza iBandla lonke

Manje sengikhuluma nani, bafowethu nodadewethu ebandleni :
Kungabe nizimisele ukusekela ubufakazi obuvezwayo ngalaba abafundelayo kanye nokubafaka emikhulekweni yenu kanye nasothandweni lwenu njengoba sisondela ePhasikeni nje?

Bonke: Yebo sizimisele.

ISIMEMO KANYE NOKUBHALWA KWAMAGAMA

Manje ukhuluma ebhekise kwabafundelayo ngalamazwi alandelayo, umgcini nkonzo uyabakhuthaza ngokwamukelwa kwabo kanye nomsebenzi wokuqinisa isibomu sabo

Manje sengibhekisa kinina-ke enizobhabhadiswa noma enizoqiniswa. Abameli benu nabashumayeli ngisho nomphakathi imbala bafakaze kahle ngani. Lombono wabo iBandla liyawemukela seliyanimema egameni likaKristo linimemela amasakramente ePhasika. Njengoba sekunesikhathi nilizwile izwi likaKristo sekulithuba lenu –ke manje ukuba niziphendulele ngeqiniso phambi kweBandla lonke. Niyafuna ukwamukeliswa amasakramente kaKristo, elombhabhadiso nelomqiniso neliyiNgcwele cwe laseLathini na?

Abafundelayo baphendula bathi:

F. Yebo siyafuna.

P. Ngakho-ke ake nisho amagama enu.

Abafundelayo bayonikeze amagama behamba nabameli babo beya kumphathi nkonzo babhala futhi amagama abo ebhukwini lamagama abafundelayo. Njengoba kubhaliswa amagama –nje iculo elifanele liyaculwa.

ISENZO SOKWAMUKELA NOMA UKUKHETHWA

Umphathi nkonzo uyachaza kancane ngenggikithi yokulethwa kwamagama okukade kwenziwa .

Abafundelayo abathandekayo, senibhale amagama enu ebhukwini *niqinisa ukuzinikela kwenu ukulandela uJesu Kristo empilweni* yenu yansuku zonke kanye nokungena eBandleni ngombhabhadiso kanye nokuqina ngoMzimba kanye neGazi eSakramenteni eliyingcwele kanye noMoya Ocwebileyo enizowamukela ngokugcwele ngeSakramente loMqiniso. Phendukelani kimi ngezinhliziyo zenu zonke, nishiya ngasemuva konke okuphambene neVangeli likaJesu Kristo kanye nothando lwakhe analo ngathi sonke.

Manje usephendukela kwabafundelayo, esho lamazwi alandelayo:

P. Bani nawe Bani, Manje ngiyanahlukanisela njengamalunga akhethiwe ukuba namukeliswe izimfihlakalo eziyiNgcwele ngobusuku boMlindo wePhasika.

F. Kabongwe uNkulunkulu.

Ophethe inkonzo uqhuba athi:

UNkulunkulu uthembikile njalo kulabo ababizile: manje kungumsebenzi wenu, futhi kungowethu futhi, sobabili kufanele sethembeke kuye ngokuphenduka futhi sizame ngokukhuthala ukuba sifinyelele ekugcwaliseni iqiniso, lelo okuthe ngokukhethwa kwenu lavuleka phambi kwenu.

Ophethe inkonzo uphendukela kubameli uyabafundisa ngalamazwi alandelayo:

Bameli, laba esenifakaze ngabo sebesezandleni zenu egameni leNkosi. Qhubekani–ke nabo nibasize ngothando nangesibonelo baze bafinyelele emaSakramenteni okuphila kukaNkulunkulu.

Useyabamema ukuba babeke Izandla emahlombe abafundelayo ukuba bamukele ukunakekelwa.

Bameli abathandekayo, yilowo nalowo akabeke isandla sokunene ehlombe lalowo ammele ngokwenza njalo ukhombisa isibonakaliso sokwamukela umsebenzi kanye nokuhambisana naye empilweni yakhe yonke kuze kube bamukelwa ngokugcwele eBandleni elikhatholika. Khombisani intando enhle yokubasekela ngamazwi enu kanye nesibonelo sempilo ekulandeleni uJesu Kristo empilweni yansuku zonke.

UKUTHANDAZELA ABAKHETHIWEYO

P: Makholwa namhlanje singena enkathini yokuHlawula, siqala ukulindela ukugubha umkhosi wezimfihlakalo eziphilisayo zokuhlupheka nokufa nokuvuka kweNkosi yethu. Laba abakhethiwe abahamba nathi besilandela siya emaSakramenteni ePhasika balindela ukubona kithini isiboneleo sempilo yobuKristo. Ngakho-ke asibacelele eNkosini sizicelele nathi, ukuba isisize sonke siqinisane size sigcine sesihlanganyele sonke ezintokozweni zephasika.

H: Asicelele abakhethwa eNkosini ukuba bahlale belukhumbula lolusuku lokukhethwa kwabo, babonge ngenhlanhla abayamukele eZulwini. Nkosi Silalele.
K: Nkosi silalele ngomusa.

H: Asibacelele kuNkulunkulu ukuba bakwazi ukusebenzisa lesisikhathi ukwetshatha kanye nathi umthwalo wokuzinqabela benze imisebenzi yobungcwele. Nkosi silalele.
K: Nkosi silalele ngomusa.

H: Asicelele abashumayeli babo ukuba bakwazi ukubeka iZwi likaNkulunkulu ngendlela emnandi kulabo abalifunayo. Nkosi silalele.
K: Nkosi silalele ngomusa.

H: Asicelele abameli babo ukuba bahlale beyisibonelo esihle kubo ngenkambo yabo eqotho yevangeli empilweni yabo uqobo nasemehlweni omphakathi. Nkosi silalele.
K: Nkosi silalele ngomusa.

H: Asicelele imindeni yabo ukuba ingabathiyi ngalutho kodwa ibasize ukuba baye lapho beqhutshelwa nguMoya oCwebileyo. Nkosi Silalele.
K: Nkosi silalele ngomusa.

H: Asicelele ibandla lalapha ukuba ngalesisikhathi sokuHlawula libonakale ngemisebenzi yothando nangentshisekelo yokuthandaza. Nkosi silalele.
K: Nkosi silalele ngomusa.

Umphathi nkonzo, welulela izandla phezu kwabo…
P: Nkulunkulu, wena onguMdali wesintu nongumvuseleli waso, usubatholile laba, ake ubabele kanye nabantabakho abayinzalo yesivumelwano esisha. Ake ubenze babe ngabantwana besithembiso, bajabulele ukuzuza ukuphila kwaphakade, ngamandla othando lwakho abebenganakukuzuzua ngamandla abo emvelo. Sicele ngoKristo iNkosi yethu.
K: AMEN.

UKUDEDELWA KWABAZOBHABHADISWA...

P: Bathandekayo eNkosini, senikhethelwa ukubhajadiswa, seningene, seniqale kanye nathi ukungena endleleni yokuhlawula. UKristo usezokuba yindlela neqiniso nokuphila kini, ikakhulukazi emvivinyweni osusondelela lapho sesiyobonana khona futhi.

Okwamanje-ke hambani ngobuhle.

F: AMEN

Uma inkonzo yeMisa ingekho kungaculwa iculo elifanele bese amakholwa nabakhethiweyo bededelwa.